nd Ec9

# ISIGUNGU sika
## AFRICAN NATIONAL CONGRESS.

Umhlangano we Sigungu sika Congress owabuse Mgungundlovu ngomhla we 24 April, 1948 waxoxa kakhulu ngezinqumo zomhlangano owabukwa-Ngongoma, wanquma ukuthi kuhle uMbhali alungiselele ukuba kubonanwe noNdabazabantu oMkhulu ngodaba lokuncishiswa kwezinkomo nokuphatheka kabi kwabantu emapulazini. Kwase kubalwa ama Chiefs okofuneka abe amaNxusa okuyobonana noNdabazabantu awu 24, ngoba iSigungu sabona lezindaba zinkulu kakhulu ezifanele bona abanini babantu nama Khosi ezwe uqobo. LamaKhosi nabaNumzane boholwa isona iSigungu nabaKhulumeli besizwe.

Ukukhethwa koMququzeli we Congressnkona kwamiswa ngokuthi labo asebethumeleisicelo sokuba bakhethwe, bathunyelwe izindlela okofuneka bahambe ngazo nomthetho abophathwa ngawo kuthi uma bevuma babizwebazobonwa i Komidi eliyiNyongo yeSigungu.

Umhlangano ka Phuthuma we Sizwe kwavunyelwana ngokuthi umenyelwe eMgungundlovu ebusika enyangeni ka July. Izindaba ezobekwa phambi kwesizwe ilezi :- ngomhla we 23, 24, 25

1. Ukuncishiswa kwezinkomo;
2. Isikhwama seSizwe;
3. Ukuthunjwa kwezwe lakwa Zulu nokuchithwa kwesizwee Nkandla;
4. Udaba lwabantu bamapulazi nabasezabelweni zika Hulumeni (Trust Lands)

ISigungu sikhiphe isicelo kubaKhulumeli sokuba kube ibona abaphumayo ukuhlanganisa isizwe nokujoyinisa abantu ku Congress izwi labo lingeke lizwakale libe nesithunzi uma bekhulumela isizwe nxashana izwi lalabo ababakhulumelayo lingahlangene.

Ukuma kwamalungu kuhlolisisiwe eSigungu, kwabonakala ukuthi uKhetho lwamalungu eSigungu kalumile kahle, ngoba lubophele izinkabi ezingeke zidonse ngokuzwana. Sabonisa ukuthi kuzofuneka lumiswe ngenye indlela.

AmaBandla onke aka Congress nabaNumzane mabazimisele kuse manje. Lomhlangano ozayo mkhulu kakhulu. Kwa Nongoma kwavunyelwana ukuba kwakhiwe isikhwama sesizwe ukuze amandla atholakale okulwa nako konke okuhlupha umuntu. Akufuneki imalana noma isikhwanyana kufuneka Kuqiniswe isijhwama ngempela. Sihleli nje kakho umuntu ongasho ukuthi izwe lakwa Zulu lahamba kanjani. Sifikile isikhathi sokuba uZulu azilandele izinkomo athole indlela ezalahleka ngayo. Kungase kwenzeke ukuba kuyohlolwa amabhuku phesheya.

---

AFRICAN NATIONAL CONGRESS
P.O. Box 155 Tel. 4708
374c CHURCH ST., P.M.BURG

